NJMPF

IPHEPHANDABA LOKWAZISA AMALUNGA
Izindaba zekota - Ndasa 2020

Isikhwama Sakho, Ukonga Kwakho, Ikusasa Lakho

UMYALEZO OVELA KUMPHATHI OMKHULU I-PRINCIPAL OFFICER/CEO

uMnu. Bonginkosi Mkhize

Sisesikhathini sobunzima lapho izwelethu libhekene nobhubhane elingakwazi ukubhekana nalo – ngakho-ke kubalulekile ukuthi sisebenze ngokubambisana ekunciphiseni umthelela wesifo i-Coronavirus, i-COVID 19.

Isikhwama sithathe izinyathelo ezithile ukuqinisekisa ukuthi siyaqhubeka nokuhlinzeka amalunga esikhwama nabahola impesheni ngosizo lwezomhlalaphansi olusezingeni eliphezulu.
Asikugqugquzeli ukuvakashela amahhovisi esikhwama eWestville futhi siphinde samisa nokuthi kwenziwe imihlangano yama-Road Shows kanye nemihlangano wabahola impesheni i-Pensioner Indaba ngalesikhathi sobunzima obubhekene nezwe.

Ukulandela inkulumo kaMongameli wezwe uCyril Ramaphosa yomhlaka 23 Mashi 2020, amahhovisi esikhwama azovalwa njengengxenye yokumiswa kokusebenza kwayoyonke into esizweni.

Kulesisikhathi Isikhwama sizothumela yonke imininingwano nolwazi kubo bonke ababambe iqhaza sisebenzisa iwebsite, mobile app, izinkundla zokuxhumana, amaSMS kanye nama imeyili.
Sicela wazi ukuthi kulesisikhathi sokuvala angeke ukwazi ukuvakashela noma ushayele Isikhwama ucingo uma unemibuzo, kodwa , uzokwazi ukuthumela iemayili ku info@njmpf.co,za ukuze sizokuphendula ngendlela.

IZINDABA EZINHLE

Ikomidi elibhekelele ukusebenza kwemigomo yeBhangengodla laseNingizimu Afrika, i-South African Reserve Bank's monetary policy committee ngomhlaka – 19 Mashi 2020 limemezele ukwehla kwemali yenzuzo (i-repo rate) yasemabhange ngo-1%, lokhu kwamukelwe ngelikhulu isasasa kanti futhi lokhu kubukeka kuzosiza kakhulu emnothweni ngalesikhathi esibi emabhizinisini.

UMHLANGANO WAMINYAKAYONKE I-ANNUAL INFORMATION MEETING (AIM)

Umhlangano waminyaka yonke i-AIM wawubanjelwe endaweni entsha okuyi-Olive Convention Centre, enyakatho yedolobha laseThekwini, ngomhlaka-06 Mashi 2020. Kube enkulu impumelelo ukusebenzisa ezobuchwepheshe besimanje ukuqinisekisa ukuthi bonke abafikile kulomhlangano babhaliseka kahle. Usihlalo weBhodi lama-Trustees esikhwama kanye nomeluleki wesikhwama i-Actuary bethule umyalezo obalulekile mayelana nezezimali zesikhwama kanye nezinto ezenzeke esikhwameni ngonyaka ka-2019. Kubobonke ababambe iqhaza esikhwameni abangakwazanga ukufika ngosuku lwalomhlangano abafisayo ukuzwa kwethulwa lezizinkulumo, sicela uvakashele kwi-tab yemihlangano yaminyaka yonke, i-AIM Tab kwi-website yesikhwama i-NJMPF, ethi: www.njmpf.co.za.

Kubobonke abaphumelela sidlulisa amazwi okubonga kakhulu ukweseka kwenu umhlangano waminyaka yonke i-AIM – kwakukhona ubuso obujwayelekile kanti kuma-Trustees, kubaphathi besikhwama kanye nabasebenzi kuhlale kwintokozo enkulu ukuhlangana nani.

KUNGABE IMALI YEMPESHENI IZOSETSHENZISWA UKUFUKULA AMABHIZINISI KAHULUMENI?

UMphathiswa wezezimali, uMnu. Tito Mboweni wakubalula enkulumweni yakhe eyandulela eyohlahlomali ngo Nhlolanja ka2020 ukuthi ukusetshenziswa kwemali yomhlalaphansi ukutakula uEskom akulona isu elibi. Ukuphawula kwakhe kwakumayelana nalokhu okwakuhlongozwe iCASATU. Uphinde wabalula ukuthi akusiyona imali yomhlalalphansi yezisebenzi zikahulumeni kuphela engasetshenziswa kodwa neyezinkampani ezizimele. Lezizindaba ziza emva kwamahemuhemu ahlongoza ukubuyiswa kokusetshenziswa kwamaprescribed assets nokuwudaba esaludingida kabanzi ephephandabeni lamalunga lango Septemba 2019. Isikhwama sizoqhubeka nokunazisa ngokuqhubekayo mayelana nalolundaba.

KwaZulu-Natal Joint Municipal Pension/Provident Funds

Xhumana ne Client Services | **Ucingo:** 031 279 5300/0861 065 673 | **Ifekisi:** (031) 266 6715 | **Imeyili:** info@njmpf.co.za | **Ikheli lokuposa:** P.O. BOX 33, Westwood, 3633 | **Ikheli lomgwaqo:** 5 Derby Place, Derby Downs Office Park, University Road, Westville, 3629 | | **Iwebhusayithi:** www.njmpf.co.za **uFacebook:** Natal Joint Municipal Pension Fund | **uTwitter:** @NJMPF

YAZI NGESIKHWAMA SAKHO

ULWAZI NGEZEZIMALI

IPaki yamakhasi okudlala (Packs of cards)- Isikhwama sizoqhubeka nokunikezela ngamakhasi okudlala njengengxenye yokufundisa ngezezimali nakuwo lonyaka, kanti futhi sigqugquzela amalunga nabahola impesheni ukuthi babandakanye imindeni yabo kulomdlalo omnandi wamakhasi kanye nokubhekisisa kabanzi ulwazi lwezizimali olukuwo lamakhasi okudlala.

Hlala uxhumene nesikhwama- Amaphephandaba amakota siyawathumela ngeposi komasipala nakwabahola impesheni, siyawafaka futhi kwiwebsite yethu kanye nakwizinkundla zokuxhumana ezitholakala kwimobile app. Kusukela emaphethelweni onyaka ka2019 isikhwama siqale ukuqopha iphephandaba lesizulu nelesilungu okwazi ukuzilalelela lona, loku sikwenze sisebenzisana noVicky Masuku owayesebenzela uKhozi FM ngabambi kokuthi athathe umhlalaphansi nokunguye ofake impilo kulamaphephandaba aqoshiwe. Sicela uzinike ithuba lokuthi uwalalele.

ISIKHATHI SOMNCINTISWANO- VUSELELA IMININGWANE YAKHO

Emizamweni yokugcina imininingwane yamalunga nabahola impesheni ingeyakamuva, isikhwama sesibe nemincintiswano emibili kwimihlangano ebanjelwa komasipala. Ilelo nalelo lunga eligcwalise i-Information Form/ Beneficiary Nomination Form lifakwe ohlwini lokuwina umakhalekhukhwini. Isasasa libe likhulu kakhulu, kanti nabawinile bawuthokozele kakhulu umhlomulo womakhalekhukhwini. Isikhwama sizoqhubeka nalomncintiswano kwimihlangano yamaroad shows njengoba unyaka uqhubeka.

ISIKHWAMA I-NJMPF SETHULA IPROJEKTHI YOKONGA IMVELO (GOING GREEN PROJECT)

I-Going Green Project yethulwa emhlanganweni waminyaka yonke i-AIM owawubanjwe mhlaka-06 Mashi 2020. Izihambeli zalomhlangano zanikezwa amabheji anamagama azo njengokujwayelekile kodwa ama-lanyard kulonyaka aguquka aba umucu wokuphatha imbewu elungele ukutshalwa emakhaya.

Isethulo esibalulekile kulezinsuku kwezotshalomali oluthinta imboni yezimpesheni simayelana nokuthi ibhodi lamatrustees liyakwazi ukuzikhethela ukuthi liyitshala kuphi imali ukuqinisekisa ikusasa elinozinzo. Iprojekthi yokongiwa kwemvelo igqamisa isidingo sokugcina umhlaba uhlanzekile futhi iveza obala izinkinga ezivela ngenxa yokuguquguquka kwesimo sezulu (climate change).

Umbukiso wethu emhlanganweni weAIM wawuveza igxathi eselithathwe abasebenzi besikhwama ekutshaleni imifino. Ukutshalwa kwemifino kwenziwa ezintweni zepulasitiki esinazo emakhaya ethu, okubalwa kuzo izitsha zamanzi nezobisi esizilahlayo, lokhu kuzilahla kugcina kunezela enkingeni yokugcwala kukadoti ezindaweni esihlala kuzo kanti ezinye zigcina zigcwele olwandle. Ukutshalwa kwemifino emakhaya nokufundisa abantwana bethu ukuthi badle ukudla okunempilo kuyingxenye yeprojekthi kanti futhi isikhwama maduzane sizoletha imibono evezwe ucwaningo olwenziwe abasebenzi besikhwama komasipala emihlanganweni yamaroad shows kanye nakwimihlangano yabahola impesheni (Pensioner indabas).

EZAKAMUVA KUTSHALOMALI

Izimakethe zibephansi kwengcindezi enkulu kulamaviki adlule lokhu bekubangwa ukwesaba umthelela ubhubhane iCorona virus ezoba nalo kwezomnotho emhlabeni jikelele. Lengcindezi akusiyo eyeNingizimu Afrika kuphela kodwa umhlaba wonke ubhekene nalenkinga. Izimakethe zonke ziyaguquguquka nentengo yamasheya yehlile.

Irandi nalo liphansi kwengcindezi njengoba izimakethe ezisafufusa imali yazo iphansi kwengcindezi enkulu ngokwedlulele. Isikhwama iNJMPF umtshalizimali wesikhathi eside kanti lolubhubhane akulona olwesikhathi eside. Akukho esingakwenza okwamanje kodwa ukuthi sibekezele singaxhamazeli.

Uhlelo lotshalomali lwesikhwama lungoluhlukahlukene okungukuthi asitshali imali endaweni eyodwa lokhu kubandakanya ukusetshenziswa kwaAsset managers ahlukahlukene kanye nemiyalelo yotshalomali ebhekelele nobungozi bezotshalomali lwesikhwama. Kubalulekile ukwazi ukuthi kungenzeka kube nokubambezeleka okuncane kwimihlomulo kanye nempheseni njengoba sibekene nezikhathi ezinzima kwisimo sezimakethe esibhekene nesikhwama kanye nezwe lonke jikelele.

KwaZulu-Natal Joint Municipal Pension/Provident Funds

Xhumana ne Client Services | **Ucingo:** 031 279 5300/0861 065 673 | **Ifekisi:** (031) 266 6715| **Imeyili:** info@njmpf.co.za | **Ikheli lokuposa:** P.O. BOX 33, Westwood, 3633 | **Ikheli lomgwaqo:** 5 Derby Place, Derby Downs Office Park, University Road, Westville, 3629 | | **Iwebhusayithi:** www.njmpf.co.za **uFacebook:** Natal Joint Municipal Pension Fund | **uTwitter:** @NJMPF